ULHAKA

UMNYANGO WEZEMVELO NEZOKUVAKASHA

IGATSHA LEZASOLWANDLE NOKUPHATHWA KOGU

UMGOMO KA-2005 WOKUNIKA NOKWENGAMELA IZIMVUME ZOKUDOBELA INZUZO AMA- HORSE MACKEREL FISHERY

LOLU HLAKA MGOMO KUMELE LUFUNDWE NOMGOMO JIKELELE WOKUNIKA NOKWENGAMELA IZIMVUME ZOKUDOBELA INZUZO YESIKHATI ESIDE KA-2005. (itholakala kwi-www.mcm-deat.gov.za)

OKUQUKETHWE

1. Isingeniso 3

2. Ubunjalo bemboni yokudoba ngokuphathelene nesayensi yezinto eziphilayo 4

3. Ukubukeka kwemboni yokudoba 4

4. Uhlelo lokunikezelwa kwezimvume zesikhati esimaphakathi 5

5. Inhlosongqangi yemboni yokudoba 6

6. Isikhathi esithathwa yizimvume 6

7. Abafikayo embonini yokudoba 7

8. Inqubo yokuhlunga 7

8.1 Inqubo yokungamukeleki kwabathile 8

8.2 Inqubo yokuhlunga ngokuqhathanisa 9

(a) Uguquko 9

(b) Ukutshalwa kwezimali embonini yokudoba 10

(c) Imisebenzi 10

(d) Ukukhushulwa kwezinga lezinhlanzi 11

(e) Ukusebenza kahle kwenkampani 11

(f) Ukukhokhwa kwentela yokudoba izinhlanzi 11

(g) Ukubanjwa kwezinhlanzi okungagxiliwe kuzona 11

(h) Ukuhambisana nomgomo 12

8.3 Inqubo yokulinganisa 12

9. Imikhumbi yokudoba esesimweni esifanele 13

10. Ukubandakanyeka kwezikhungo ezahlukene embonini yokudoba 13

11. Izindawo okukhishelwa kuzona izinhlanzi 13

12. Izindlela ezosetshenziselwa ukuphatha 14

12.1 Indlela yokuphatha imboni yokudoba ngokuphathelene nohlelo lokuphilisana kwezitshalo nezilwane zasolwandle 14

12.2 Ukuqinisekiswa kwababambe iqhaza 14

12.3 Maximum precautionary catch limit 15

13. Izindlela zokukala izinga ekuyilo 15

14. Uhlelo lwabakhimkhanya 16

15. Izimo zezimvume 16

1. Isingeniso

Lolu hlaka mgomo lokunikezelwa nokuphathwa kwezimvume zokudobela inzuzo kwimboni yama-horse mackerel lukhishwe uMnyango weZemvelo neZokuvakasha: iGatsha leZsolwandlenokuPhathwakogu ("uMnyango") ukuze umphakathi ubeke izimvo zawo ngalo. Lo mgomo jikelele ka-2005 wokunika nokwengamela imvume yokudobela inzuzo isikhathi esidekumele ufundwe nohlaka mgomo. Abanezifiso nabathintekayo bangabhala izimvo zabo bazithumele kuMnyango ungakadluli umhla ka-4 ku-Ephreli 2005. Izimvo eziyothunyelwa ngemuva kwalesi sikhathi ziyoshajywa indiva. Izimvo kufanele zithunyelwe ngale ndlela:

NgeFax: Quaphela: (021) 670-1782 Qaphela: The Deputy Director-General Fishery (Please specify which fishery) Policy Comments	**Nge Mail:** Qaphela: Mr Horst Kleinschmidt The Deputy Director-General The Department of Environmental Affairs and Tourism P.O Box 44963 Claremont 7735 Fishery (Please specify which fishery) Policy Comments	**Nge E-mail:** RVU@deloitte.co.za Quaphela: The Deputy Director-General Fishery (please specify which fishery) Policy Comments **Nge Hand** Quaphela: The Deputy Director-General The Rights Verification Unit 11 Landsdown Road Claremont Fishery (please specify which fishery) Policy Comments

Inhloso yalo mgomo ukubea ngokusobala uhlelo okuzoqhutshwa ngalo uma kunukwa imvume yesikhathi eside yokudobela inzuzo ama-*horse mackerel* . Iningi lalezi zinhlelo azizintsha. Bezisetshenziswa uMnyango uma unikeza imvume esikhathini esedlule..

Eminye imigomo yokuphatha ngemuva kokunikwa imvume yethuliwe. Ibhuku eliphathelene nokudotshwa kwama-*horse mackerel* liyoqedelwa ngokuhlanganyela nabanezimvume ngokuhamba konyaka ka-2006 leli bhuku liyobeka ngokusobala indlela yokuphatha kanye nokwenziwe.

Ungqongqoshe weZemvelo neZokuvakasha uhlose ukunikezela ngamandla kasomqulu 18wokunika imvume yokudobela inzuzo ama-*horse mackerel* oqukethwe esigabeni 79 somthetho 18 wezinto eziphila olwandleka-1998 (the Marine Living Resources Act 18 ka-1998 obizwa nge-"*the MLRA*") onikezelwe kwisikhulu esiphezulu soMnyango.

2. Ubunjalo bemboni yokudoba ngokuphathelene nesayensi yezinto eziphilayo

Izinhlanzi zohlobo lwe-*horse mackerel* (*Trachurus trachurus capensis*) zase-Afrika eseningizimu zitholakala kuzo zonke ezigudle ugu lwaseNingizimu Afrika, kodwa iningi lezinhlanzi ezindala litholakala onqenqemeni lwase-Agulhas. Izinhlanzi ezincane zitholakala masosebeni, ikakhulukazi ogwini olusentshonalanga, lapho zibanjwa khona ngamanethi ezinyangeni ezintathu zokuqala zonyaka.

Inani lezinhlanzi zohlobo lwama-*horse mackerel* ezitholakala eNingizimu Afrika lincane uma uliqhathanisa nesilinganiso somhlaba. Ubunjalo benani lezinhlanzi laseNingizimu afrika busacutshungulwa. Ngenxa yalesi sizathu imboni yokudoba ama-*horse mackerel* iphethwe ngokohlelo lwe-*maximum precautionary catch limit* ("*MPCL*"). Uhlelo lwe-MPCL lwakhombisa ukwehla lwenyuka phakathi kwamathani ayizi-22 000 kanye namathani ayizi-54 000 kusukela ngonyaka ka-1990.

Kubalulekile ukuqaphela ukuthi izinhlanzi zohlobo lwe-*Cape horse mackerel* azihlali ndawonye. Kuyashintshashintsha ukutholakala kwazo kuleli zwe, kuncike esimweni sezindawo ezikuzo.

3. Ukubukeka kwemboni yokudoba

Ingcebo yezinhlanzi zohlobo lwama-*horse mackerel* ivunwa ikakhulukazi ngamanethi asetshenziswa maphakathi nolwandle kodwa iningi zisuke ziqondiwe kanti ingcosana ibambeka kungagxiliwe kuyo embonini yokudoba ngamanethi ekujuleni kolwandle. Ngaphezu kwalokho izinhlanzi zalolu hlobo ezisencane, zithathwa njengezibanjwe kungagxiliwe kuzona embonini yokudoba ngamanethi esogwini olusentshonalanga. Noma liphansi izinga lokubanjwa kwezinhlanzi zalolu hlobo embonini yokudoba ngamanethi, like lanyuka izinga lokubanjwa kwazo, manje selehliswe ngokuqiniswa komthetho ukuthi kungabanjwa amathani ayizi-5000 ngonyaka.

Ukuphathwa kwengcebo yama-*horse mackerel* olwandle lwase-Ningizimu Afrika kukhinyabezwe ukungabikho kwemibiko ebhaliwe, ikakhulukazi ukungabikho kwesikhathi senala esaziwayo salezi zinhlanzi. Inkomba yenala ethembakele kakhulu kulesi sikhathi samanje isuselwe kwinhlolovo yokudoba ngamanethi ekujuleni kolwandle kusetshenziswa

lenhlolovo ebizwa nge-*demersal trawl survey*. Kodwa kunokwenzeka ukuba lenkomba inikeze isikali esiphansi sale ngcebo. Akukho mibiko etheni mayelana nokuzalana kwazo uma kuqhathaniswa nezinhlanzi zohlobo lwe-*hake*, osadinsi kanye nama-*anchovy* eNingizimu Afrika. Umbiko obhaliwe ngama-*horse mackerel* awanele ngoba izinhlolovo ezenziwe phambili zigxile kakhulu ezimbonini esezizinzile njenganemboni yama-*hake* kanye neyosadinsi.

Imboni yama-*horse mackerel* iqasha abantu abalinganiselwe cishe kuma-50 emkhunjini owodwa odoba maphakathi nolwandle. Kula Bantu abangama-50 bayi-16 kuphela abangabaseNingizimu Afrika. Ama-horse mackerel athuthelwa kweminye imikhumbi bese esyiswa kwamanye amazwe engazange akhishelwe eNingizimu Afika. Lezi zinhlanzi zithunyelwa eNtshonalanga Afrika, adayiswa ngemali elinganiselwa kuma-R2.50 ngekhilogremu. Inani lezinhlanzi ezibanjiwe ngonyaka lilinganiselwa kwizigidi ezingama-R55 ngonyaka.

4. Uhlelo lokunikezelwa kwezimvume zesikhati esimaphakathi

Ngonyaka ka-2001, izimvume zesikhathi esimaphakathi zokugxila ekudobeni ngamanethi maphakathi nolwandle, zanikezelwa ezinkampanini ezingama-21,ezinhlanu zazo zaziyizinkampani ezintsha kule mboni. Izinkampani ezifikayo kule mboni zanikezelwa ngamathani angama-500 iyinye, izinsalela ngokohlelo lwe-TAC zahlukaniselwa abanini zimvume asebevele bekhona kule mboni. Lolu hlelo lokunika izimvume lwabhekela izimvume ezazinikwe phambilini namaphuzu ayezuziwe ngokohlelo lokuhlunga ngokuqhathanisa.

Imibiko yokunikezwa kwezimvume zesikhathi eside ikhombisa lokhu:

- Isilinganiso sama-41 ekhulwini lwabazibandakanya kule mboni bamnyama;
- Isilinganiso sama-29 ekhulwini senganyelwe abamnyama;
- Isilinganiselo sama-37 ekhulwini sohlelo lwe-TAC singesabamnyama.

5. Inhlosongqangi yemboni yokudoba

Inhlosongqangi yokunikezelwa kwezimvume zesikhathi eside zokudobela inzuzo kule mboni yilezi:

- ukukhuphula uguquko lokubukeka kwale mboni yokudoba ama-*horse mackerel*;
- ukwenza isimo esizoheha abatshali zimali ukuze kudaleke amathuba emisebenzi;
- Ukugcina imboni yezokudoba iphilile ngokomnotho kanye nokwenza imvelo ingashabalali;
- Ukukhuthaza ukukhishelwa kanye nokuhlunga kulungiswe ama-*horse* in *mackerel* eNingizimu afrika.

UMnyango uyovuma izinhlobo ezimbili zemizamo yokudoba ama-horse mackerel. Okokuqala, lezo ezigxile kuma horse mackerel kusetshenziswa amanethi okudoba maphakathi nolwandle. Laba banini zimvume bangasebenzisa kuphela amanethi adonswayo maphakathi nolwandle, bese kuthi zonke izinhlanzi zohlobo lwama-hake ziyothathwa njengezinhlanzi ezidotshwe zingaqondiwe. Kuyosetshenziswa isilinganiso sokuvimbela ukwanda kokubanjwa kwezinhlanzi zalolu hlobo.

Labo banini zimvume abanezimvume zokudoba izinhlanzi zohlobo lwe-hake ekujuleni kolwandle kanye nezimvume zokudoba ama-horse mackerel bangaba nazo zombili izimvume zokudoba ekujuleni kolwandle kanye namaphakathi nolwandle ngamanethi. Zonke izinhlanzi zohlobo lwe-hake ezibanjiwe ziyokwehlisa isabelo umnini mvume anaso ekudotshweni kwezinhlanzi zohlobo lwe-hake.

Abanini zimvume kuyodingeka ukuba batshengise ngokusobala ukuthi iluphi uhlobo lohlelo abafuna ukululisebenzisa.

6. Isikhathi esithathwa yizimvume

Ngokuphathelene –

- Nezinguquko zokubukeka kwemboni yokudoba
- Nemali edingekayo kule mboni yokudoba;
- Nesidingo sokukhuthaza ukukhishelwa kwama-horse mackerel eNingizimu Afrika kanye nokunyusa inani lemisebenzi laseNingizimu afrika kule mboni yokudoba;
- Nesidingo sokugcinwa komnotho isezingeni elifanele kanye nokupkhuphula ukuqhudelana kule mboni; kanye
- Nanokuthi ingcebo yama-horse mackerel isadinga olunye ucwaningo,

UMnyango uzimisele ukunika izimvume zokudobela inzuzo zeminyaka eyi-10 (kusukela ngomhla ka-1 kuJanuwari 2006 kuya kuhla ka-31 kuDisemba 2015), ziyobuyekezwa izikhawu ngokuhambisana nokusebenza ngezinga elilindelekile elibekiwe, kuhlanganisa namazinga enguquko asezuziwe (***bheka isigaba 12 ngezansi***).

7. Abafikayo embonini yokudoba

Nakuba uMnyango uthatha le mboni yokudoba njengokudotshwe kuyo ngokweqile, ukubukeka kabi kwale mboni ngokuphathelene nezinguquko, kuhlanganise nokuthi ama-*horse mackerel* adotshwa bese ethunyelwa ngaphandle kwaleli zwe engalungiswanga ahlungwa, uMnyango ufisa ukuvumela abafaki zicelo abaqalayo. Abafaki zicelo abaqalayo bayonikwa izimvume uma-

- Beguquke ngokuphelele ngokobunikazi kanye nokuphatha;
- Abanomlando wokuncishwa amathuba bengafakwanga enkampanini ukuze kutholakale izimvume;
- Bekwazi ukufinyelela ngokushesha emikhunjini esesimweni esigculisayo futhi benayo imali yokuqala ibhizinisi edingekayo ukuze bakwazi ukukhokhela ukudotshwa kwezinhlanzi maphakathi nolwandle.

8. Inqubo yokuhlunga

Izicelo ziyobukwa ngeso elibukhali ngokuhambisana “nenqubo yokungamukeleki kwabathile”, beseziyahlolwa ngowesilinganiso “senqubo yokuhlunga ngokuqhathanisa”. Kuyobekwa amaphuzu okuyiwona ayohlonza labo abazicelo zabo ziphumelele. Inqubo ye-TAC

iyosetshenziselwa labo abazicelo zabo ziphumelele ngokulandela “inqubo yesilinganiso” (“*quantum criteria*”).

8.1 Inqubo yokungamukeleki kwabathile

Ngaphandle kwezonqubo ezichaziwe kumgomo jikelele ngokuphathelenenokufakwa kwezicelo kanye nokungabi sesimweni esigculisayo semikhumbi namanethi okudoba, uMnyango ngeke uzamukele izicelo ezihluleka ukuhlangabezana nalezi zidingo:

(a) **Uhlobo lwabantu abavumeleke ukufaka izicelo***:* Kuyobhekwa kuphela izicelo zalabo abakhona ngaphansi kohlelo lomthetho obizwa ngokuthi yi-*Close Corporations Act 69 ka-984* kanye nobizwa ngokuthi yi-*Companies Act 61 ka-1973*. Ziyoshaywa indiva izicelo zalaba abafaka izicelo ngabojwana bengahambisani nomthetho obekwe ngenhla.

(b) **Ukuhambisana nohlelo***:* Abanikwe izimvume kubandakanywa abaqondisinabanamasheya asebeke babekwa icalangokwenqubo ye-MLRA (banganikwa ithuba lokukhokha inhlawulo) ngeke banikwe izimvume zokudoba ama-*horse mackerel* .abanikwe izimveme kubandakanywa abaqondisi nabamasheya asebekwe baphucwa ilungelo lokudoba ngokohlelo lwe-MLRA, ngeke besanikwa futhi enye imvume yokudoba ama-*horse mackerel* .

Abanikwe izimvume kugandakanywa abaqondisin kanye nabanamasheya abasaphenywa nabaphule inqubo ye-MLRA, kungaba ngobugebengu noma ukuhluleka ukuphatha amabhuku, ngeke besanikezwa futhi imvume yokudoba ama-*horse mackerel*.

UMnyango udinga ukuba bonke abanini zimvume ukuba bakhokhe intela yalezo zinhlanzi ababeziqondile abazibambile. Iningi labanezimvume zokudoba abayikhokhi intela noma badalula inani elingaphansi kwelezinhlanzin abazidobile ukuze bagweme ukukhokha intela. Ukungakhokhwa kwentela yoMnyango kuyohlawuliswa kwinqubo yokuhlunga ngokuqhathanisa echaziwe ngezansi. Le nqubo yokuhlunga ngokuqhathanisa iyoshaywa indiva. Kodwa uma ocela imvume esenokuyithola, kokdwa ngeke

ayinikezwe ngaphambi kokuba akhokhe intela ayikweleta uMnyango sekuhlangene nenzalo yayo.

(c) **Isilinganiso samaphepha***:* isilinganosi samaphepha njengoba sichaziwe kumgomo jikelele, siyoshaywa indiva.

(d) **ukutholakala komkhumbi wokudoba osesimweni esigculisayo***:* abafake izicelo kuyomele bakhombise imvume yokusebenzisa umkhumbi wokudoba osesimweni esigculisayo (***bheka isigaba 9 ngezansi***).

8.2 Inqubo yokuhlunga ngokuqhathanisa

abafaka izicelo zemvume yokudoba kanye nalabo abafaka izicelo ezintsha, bayohlungwa ngaphansi kwenqubo yokulinganisa elandelayo ngokubhekela isecelo ngasinye:

(a) Uguquko

Inhloso yomnyango kulesi sikhathi sokunikwa kwezimvume zesikhathi eside kwimboni yokudoba, ukukhuphula izinga elikhona loguquko. Njengoba kuchaziwe kumgomo jikelele wokudoba, abafaki zicelo bayohlungwa banikezwe amaphuzu ngokubhekela lokhu –

- inani ekhulwini labamnyama kanye nokumeleleka kwabesifazane abangabanikazi nabaphethe emazingeni aphezulu;
- Uma abasebenzi benamasheya kwinkampani efaka isicelo kudalulwe nezinga lokuhlomula kwabo;
- Ukunikwa kwamamthu kwalabo ababecindezelekile ngokomlando;
- Ukumeleleka kwabamnyama nabesifazane emazingeni ahlukene okuqashwa angaphansi kokwengamela inkampani;
- Ukuhambisana nohlelo olubizwa nge-Employment Equity Act 55 ka- 1998; kanye
- Nokutshalelwa komphakathi izimali izinkampani ezizimele.

(b) Ukutshalwa kwezimali embonini yokudoba

ngokuphathelene nabanini zimvume abafaka izicelo zokudoba, uMnyango uyokwenza isiqinisekiso sokubhekela lokhu:

- Ukutshalwa kwezimali kwimikhumbi yokudoba esesimweni esigculisayo ekudobeni ama-horse mackerel. Kulokhu, utshalo zimali ngendlela yokuthenga amasheya kuyobhekelwa.
- Ukushalwa kwezimali ekuqhubezeleni kanye nasekwenzeni ingqalasizinda yaziwe. Umnyango uyoqondana ngqo nokuhlomulisa abafaki zicelo abakhiphela ngaphandle, balungise izinhlanzi zabo zohlobo lwe-horse mackerel eNingizimu Afrika.

Malunga nabafaka izicelo zemvume zokudoba, uMnyango uyobhekela utshalo zimali asebelwenzile ngokuphathelene nemikhumbi yokudoba, ekuqhubezeni kanye nasekwenzeni ingqalasizinda yaziwe. Ngaphezu kwalokhu abafaki zicelo zokudoba ezintsha kumele bakhombise ulwazi, ikhono kanye namandla okudoba ama-horse mackerel.

(c) Imisebenzi

Umnyango uyohlomilisa labo bafaki zicelo abanikeza izisebenzi zabo lokhu okulandelayo –

- Ukuqashwa ngokugcwele;
- Umhlomulo wezokulashwa kanye nomhlalaphansi;
- Nanoma iluphi olunye uhlelo; kanye
- Nezimo zokusebenza eziphephile.

Ngaphezu kwalokho, Abafaka izicelo zemvume yokudoba baklonyeliswa ngokwenani lamathuba emisebenzi abayakhile ngethani ngalinye lezinhlanzi. Umnyango uyophinde ubheke ukuhluka kwesilinganiso samaholo phakathi kwabahola kakhulu kanye nabahola kancane.

(d) Ukukhushulwa kwezinga lezinhlanzi

Umnyango ungase ucabangele abafaki zimvume abakhuphula noma abazimisele ukukhuphula izinga lama-*horse mackerel* lifike kwizinga eliphakeme ngokuhlunga nokulungisela izinhlanzi izimakethe zakuleli kanye nezaphesheya kolwandle.

(e) Ukusebenza kahle kwenkampani

abafaki zicelo zezimvume zokudoba abatholakale bembane inani lezinhlanzi ezincane kakhulu noma ezingaphezu kakhulu kwesilinganiso esibekiwe, bangabi ngaphansi noma ngaphezulu ngesilinganiso seshumi ekhulwini, bayohlawuliswa. Isilinganiso ngokusebenza kahle kwezimali siyobhekwa ngokuhambisana nomgomo jikelele wezokudoba.

(f) Ukukhokhwa kwentela yokudoba izinhlanzi

Abanini zimvume abafake izicelo bayohlawuliswa uma imali yentela isilele ngaphezulu kwezinsuku ezingama-60 .

(g) Ukubanjwa kwezinhlanzi okungagxiliwe kuzona

Umthelela ukudoba ngamanethi ama-horse mackerel onawo kumahlengethwa, oshaka abatholakala ekujuleni kolwandle kanye nama-sunfish uyakhathaza. Abafaki zicelo abangakhombisa izinyathelo abayozilandela ukwehlisa umthelela wokudoba ngamanethi ekujuleni kolwandle kulezi zinhlanzi kuyokezwa amaphuzu amamhle.

Ukubambeka kwama-*hake* kube kungagxiliwe kuwona embonini yokudoba ngamanethi maphakathi nolwandle ama-*horse mackerel* , kulindeleke ukuba kube ngaphansana kwesilinganiso sesibili ekhulwini kwinani lama-*horse mackerel* abanjiwe. Abafaze izicelo ezisacutshungulwa kuyodingeka batshengise izindlela abebezisebenzisa ukunciphisa izinhlanzi ezidotshwa

kungaqondiwe, moma uma ofaka isicelo bengazama ukuhambisana nomthetho wokubamba izinhlanzi kungaqondiwe ongenhla.

(h) Ukuhambisana nomgomo

Abafaki izicelo abahlulekile ukuhambisana nezibopho zomthetho obizwa nge-Skills Development Act, 97 ka-1998, nanomthetho obizwa nge-Skills Development Levies Act, 9 ka-1999, kanye nalabo abaphule kancane umthetho we-MLRA (uma ukuphula kwabo umthetho kungavumeli ukuba baphucwe izimvume) bayohlawuliswa.

8.3 Inqubo yokulinganisa

Ngokuphathelene nabanini zimvume abafaka izicelo uMnyango uyosebenzisa isilinganiso esimikwe abanini zimvume ngesikhathi sika-2005. Kuleli nani kuyokwengezwa isilinganiselo ngokohlelo lwe-TAC esithathelwe kubanini zimvume abazicelo zabo zingaphumelelanga . Izindlela zenqubo yokulinganisa ziyokwenziwa ngokubhelela lokhu –

(a) Izinga loguquko: Islinganiselo sama-20 ekhulwini sohlelo lwe-TAC siyookwabiwa kabusha ngokuhambisana nezinga loguquko elizuzwe umceli mvume ophumelele;

(b) Ukukhishelwa ngaphandle kwama-*Horse Mackerel* eNingizimu Afrika: isilinganiselo sama-20 ekhulwini sohlelo lwe-TAC sokwabiwa kabusha kulabo bafaki zicelo abaphumelele abazimisele ukukhiphela ama-horse mackerel eNingizimu afrika abazimisele ukuwahlunga bawalungisele ukudliwa ngabantu;

(c) Ukwabiwa ngokungalingani kwe-MPCL phakathi kwabanini zimvume: Elinye iphuzu leli elizobhekelwa. Isilinganiselo sokuyishumi ekhulwini kwe-MPCL kuyonikezelwa kubafaki zicelo abanezinga elingaphezulu kunalelo elijwayelekile ngokohlelo lokulinganisa, kodwa babe ngaphansi kwezinga elijwayelekile lesilinganiso esinikeziwe.

Abafikayo emboni yokudoba bayonikezwa inani elifanayo nelabathole inani eliphansi elinikezwe abafaki zicelo zemvume abaphumelele.

9. Imikhumbi yokudoba esesimweni esifanele

Umhkumbi wokudoba othathwa njengosesimweni esigculisayo embonini yokudoba ama-horse mackerel yilowo –

- Owakhelwe ukudoba ngamanethi maphakathi namanzi
- Mkhumbi osesimweni esigculisayo wokudoba ngamanethi ama-*hake* ekujuleni kolwandle,okwazi akuthwala amanethi okudoba maphakathi namanzi;
- Ogunyazwe yi-SAMSA ; kanye
- Onomshini wokubheka ukusebenza komkhumbi olwandle.

10. Ukubandakanyeka kwezikhungo ezahlukene embonini yokudoba

Abanini zimvume zokudoba ngamanethi ama-horse mackerel abanqatshelwe ukuba bathole imvume kunoma iyiphi imboni yezokudoba kwiSixha A nakwiSixha B. Abanini zimvume zokudoba ama-*horse mackerel* (sekuhlanganiswe nabanini masheya kanye namalungu ethimba eliphethe ezikhundleni eziphezulu) ngeke bavumeleke ukuba babe nezimvume zokudobela inzuzo kwimboni ekwiSxha C neSixha D.

Imikhumbi eqashelwe ukusetshenziswa embonini yokudoba ngamanethi maphakathi namanzi ngeke ivunyelwe ukusetshenziswa kwezinye izimboni, ngaphandle uma abanini zimvume benezinye izimvume eziba nika ilungelo lokudoba ekujuleni kolwandle, kulesi simo umkhumbi ungasetshenziselwa zombili lezi zimvume.

11. Izindawo okukhishelwa kuzona izinhlanzi

Kungasetshenziswa kuphela lezi zikhumulo zemikhumbi zaseNingizimu Afrika njengezindawo zokukhiphela izinhlanzi; esase-Saldanha, esase-Cape Town, esase-Hout Bay,esase-Mossel Bay kanye neasase-Port Elizabeth.

12. Izindlela ezosetshenziselwa ukuphatha

izindlela ezizosetshenziselwa ukuphatha ezivezwe lapha ngezansi, zingezinye zeziningi ezisemqoka ezizosetshenziswa uMnyango ngenhloso yokuphatha uhlelo ngemuva kokukhipha izimvume kule mboni.

12.1 Indlela yokuphatha imboni yokudoba ngokuphathelene nohlelo lokuphilisana kwezitshalo nezilwane zasolwandle

Le mboni yokudoba izophathwa ngokuhambisana nohlelo olubizwa yi-*ecosystem approach to fisheries* ("EAF"). Indlela yokuphatha le mboni yokudoba ithathelwe kuhlelo lokuphilisana kwezitshalo kanye nezilwane zasolwandle, iwuhlelo olubhekele zonke izinhlangothi lubuye luhlanganise imigomo eyazisa ukuthi ukudoba kanye nezinye izinhlobo zemisebenzi eyenziwa ngaphandle kolwandle kunomthelela ngokubanzi kulokho okwenzeka ngaphandle kolwandle. Le ngxenye yokudotshwa kwama-*horse mackerel* ayizami ukunika umgomo embonini yokudoba kwi-EAF. I-EAF imboni yokudotshwa kwama-*horse mackerel*. Izochazwa kabanzi kwibhuku elichaza ngokuphathwa kwemboni yokudoba. Iningizimu afrika isalokhu izinikeze umunqamulajuqu ka-2010 wokuqala ukusebenzisa uhlelo lwe-EAF ekudobeleni inzuzo.

12.2 Ukuqinisekiswa kwababambe iqhaza

Ngemuva kokunikeza izimvume zokudobela izinzuzo zeminyaka eyi-10 kule mboni yokudoba, uMnyango uyozobandakanya kuhlelo lokuqinisekisa inani labanziemvume zokudoba abasazisebenzisa embonini yokudoba, ikakhulukazi lapho:

- abanini zimvume zokudoba benamanini masheya, amahovisi kanye nethimba lokuphatha elifanayo ezinkampanini ezahlukene; noma
- Abanini zimvume abanezinkampani ezincane bekhetha ukuhlanganisa ukusebenza kwezinkampani zabo.

12.3 Maximum precautionary catch limit

Ingcebo iyophathwa ngokohlelo lwe-*maximum precautionary catch limit* (MPCL) kanye nonqunyelwe izingubo zokudoba ezinokisetshenziswa. Uhlelo lwe-MPCL luyobhekelwa njalo ngonyaka futhi lube lubheke kakhulukazi umkhiqizo oncike kwisilinganiso seminyaka usebenzisa imbiko obhaliwe wezinhlanzi ezibanjiwe kanye nocwaningo lwesilinganiso. Ngaphezu kwalokho, uhlelo lwe-MPCL lunganyakaziswa ngendlela eyethusayo ngenhloso yokuveza izimpendulo zalengcebo, ngalokho kwenzeke ngcono ulwazi lwemininingwane eyaziwayo yokuhlunga izinhlanzi ezibanjiwe. Indlela yohlelo lwe-MPCL lonyaka lungalungiswa kabusha ngesikhathi sezimvume, ngokusebenzisa ulwazi olukhona olushicilelwe phansi nezindlela zokwenza ngcono le mboni .

Ingxenye yohlelo lwe-MPCL iyonikezelwa kubanini zimvume abadoba izinhlanzi ekugxilwe kuzona besebenzisa amanethi ekujuleni kolwandle kanye nezingubo ezisetshenziselwa ukudoba ekujuleni kolwandle, enye ingxenye iyogcinwa ukuze ivikele izinhlanzi ezidotshwa kungagxiliwe kuzona kwimboni yokudoba ama-hake-directed demersal fishery. Ukwengeza lapho, inqwaba yemikhumbi edoba ngamanethi ekujuleni kolwandle ngeke ivunyelwe ukuthi ubambe ngaphezulu kwamathani ayi-5 000 ezinhlanzi zohlobo lwe-horse mackerel.

13. Izindlela zokukala izinga ekuyilo

Umnyango uyoveza izindlela eziningana zokuveza izinga okuyilo lokudotshwa kwezinhlanzi ngesikhathi esinikezwe izimvume. Kuyacabangeka ukuthi lezi zinhlelo zokukala izinga ekuyilo lokudotshwa kwezinhlanzi, liyokwenzeka ngemuva kweminyaka emibili kusukela manje, bese kuba njalo ngemuva kweminyaka emithathu.

Noma uMnyango uzoqedela izindlela ekuyizonazona zokukala izinga lokudoba abanini zimvume abazokalwa ngalo uma kunikwa izimvume zokudobela inzuzo, nangemuva kokuxoxisana nabanini zimvume, lezi zindlela zokukala izinga lokudoba zingasetshenziswa:

- Uguquko;
- Ukutshalwa kwezimali emikhunjini, ezimbonini nasezimpahleni ezigqokelwa ukudoba;
- Ukusebenzisa ngendlela eyamukelekile, ukunciphisa izinga lezinhlanzi ezidobeka kungaqondiwe kanye nomthelela ukudoba ngamanethi okunawo kwimvelo;
- Ukuhambisana nemithetho kanye nemigomo.

14. Uhlelo lwabakhimkhanya

Uhlelo olukhona loMnyango lwabakhimkhanya, luzokwengezelelwa ukuze libandakanye ukubheka ukuhambisana nemigomo kubanini zimvume. Ngaphezu kwalokho uMnyango uyobe ulokhu uqhubekile nokwengeza ukubheka ukuhambisana nemigomo kule mboni yokudoba. Abanini zimvume bayolindeleka ukuba bakhokhele lolu hlelo.

15. Izimo zezimvume

Izimvume zokudoba kule mboni yokudoba zizokhishwa minyaka yonke. Izimo zezimvume eziphathelene nalo nyaka ka-2005 zitholakala **njengesiXhumelelo A (Annexure A)**. Abanezifiso kanye nabathintekayo bavumelekile ukuba bangabeka izimvo zabo ngalezi zimo zezimvume.